**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesithathu)**

# ISIGABA A
## UMBUZO 1

### 1. UHLAKA LOKUMAKA INDABA

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1..1 .Isakhiwo | [10] | | | |
| (1) Isingeniso | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (11) Umzimba | [4] | 3 - 4 | 2 - 3 | 0 - 1 |
| (111 Isiphetho | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (1v)Ukuthelelana kwezigaba | [4] | 3 - 4 | 2 - 3 | 0 - 1 |
| 1.2 Okuqukethwe | [15] | 11 - 15 | 6 - 10 | 2-5 |
| 1.3 Ulimi | [10] | 8-10 | 5-7 | 2-4 |
| 1.4 Isitayela | [5] | 5 | 3-4 | 1-2 |
| ISAMBA | | [40] | [27] | [13] |

**[40]**

# ISIGABA B
## UMBUZO 2

### 2.1 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YAKOMKHULU / YASEMTHETHWENI

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. .Isakhiwo | [10] | | | |
| (i) Ikheli Lokuqala | [2] | 2 | 2 | 0 |
| (ii) Ikheli Lesibili | [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iii) Isivaleliso | [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iv) Izigaba | [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. Okuqukethwe | [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. Ulimi | [4] | 4 | 3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [20] | [16] | [4] |

**[20]**

**2.2 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YOBUNGANI / YOBUHLOBO**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO [9] | | | |
| (i) Ikheli [4] | 4 | 3 | 1 |
| (ii) Isivaleliso [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iii) Inani Lamagama [3] | 3 | 2 | 1 |
| 2. Okuqukethwe [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. ULIMI [5] | 4-5 | 2-3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | [20] | [14] | [6] |

[20]

**UMBUZO 3**

**3.1 UHLAKA LOKUMAKA AMAMINITHI OMHLANGANO**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO [10] | | | |
| (i) Igama Lenhlangano [1] | 1 | 1 | 0 |
| (ii) Uhlobo Lomhlangano [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iii) Usuku, isikhathi, Indawo [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Ukuvula [1] | 1 | 1 | 0 |
| (v) Ababekhona/Abaxolisile [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vi) Izihlokwana Ezidingidiwe [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vii) Eziphonselwe [1] | 1 | 1 | 0 |
| (viii) Inani lamagama [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE [4] | 4 | 3 | 1 |
| 3. ULIMI [5] | 5 | 3 | 2 |
| ISAMBA SAMAMAKI | [20] | [16] | [4] |

[20]

**3.2 UHLAKA LOKUMAKA IMEMORANDAMU**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO [10] | | | |
| (i) Igama Lenhlangano [1] | 1 | 1 | 0 |
| (ii) Ivela ku… [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iii) Iya ku… [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Usuku [1] | 1 | 1 | 0 |
| (v) Isihloko Sememorandamu [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vi) Inani Lamagama [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. ULIMI [5] | 4-5 | 2-3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | [20] | [15] | [5] |

[20]

## UMBUZO 4

### 4.1 UHLAKA LOKUMAKA IKHARIKHULAMU VITHEYI NESIKHANGISI

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO | [3] | 3 | 2 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE | [5] | 5 | 3 | 2 |
| 3. ULIMI | [2] | 2 | 1 | 0 |
| | | [10] | [6] | [3] |

[10]

### 4.2 UHLAKA LOKUMAKA ISIKHAHLAMEZI (IFEKISI)

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO | [3] | 3 | 2 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE | [5] | 5 | 3 | 2 |
| 3. ULIMI | [2] | 2 | 1 | 0 |
| | | [10] | [6] | [3] |

[10]
[50]

## ISIGABA C

## UMBUZO 5
## UBUCIKO BOMLOMO

***Inkosi yinkosi ngabantu* – C.T. Msimang**

5.1.1 Yinkulumo enobuchwepheshe noma eyingxoxo edluliselwa ezizukulwaneni ngezizukulwana ngawo umlomo. (2)

5.1.2 Yinkondlo emfishanyana ehaywa ngunina wengane / umzanyana yokuthunduzela umntwana / yokulalisa ingane. (2)

5.1.3 (a) Ukuyala noma ukwexwayisa. (1)
(b) Ukusongela. (1)
(c) Ukukhuthaza. (1)
(d) Ukweneka isimo esithile. (1)

5.1.4 (a) Ziwubugagu bokukhuluma. (1)
(b) Kaziwethuli amaqiniso. (1)
(c) Kaziwona umusho ophelele. (1)
(d) Zingavela ngendlela esabizo. (okuthathu kuphela).

5.1.5 Siwumbuzo onemfumbe okumele labo abawubuzwayo baqagele ukuthi imfumbe leyo iyini. (2)

5.1.6 (a) Ukusithokozisa. (2)
(b) Ukunyakazisa umqondo. (2)
(c) Ukuthuthukisa ulimi. (2)
(d) Ukufundisa izingane amasiko nemithetho. (Okuthathu kuphela).

5.1.7 Inganekwane ekhuluma ngokudabuka kwezinto, ikhulume ngenkolo, uMvelinqangi kanye nabantu bakhe. (2)

5.1.8 Inkosikazi esenyangeni. (1)

5.1.9 Yigama likakhokho othile ohlotsheni lolo. (2)

5.1.10 Izibongo yinkondlo yokutusa. (2)

51.11.1 (a) Isiphicaphicwano eside. (1)
(b) Isiphicaphicwano esiyinkinga. (1)
(c) Isiphicaphicwano sesimanje. (1)
(d) Isiphicaphicwano esifushane. (1)
**[30]**

**NOMA**

5.2.1 Isakhiwo
Le nganekwane iqala ngokuthi "Kwasukela" kuthi abalaleli bathi "Cosu". Lapha esingenisweni sithola isimo esinokuthula. Inja nekati ziyezwana futhi zingabangane. Ngokuhamba kwesikhathi lesi simo siyaphazamiseka ngenkathi inja ithumela ikati ukuba lihambise incwadi yokukhononda kumnumzane, lokho kwenza sibe nomdlandla wokufunda ukuze sithole ukuthi isimo sizobuyela yini endaweni yaso enokuthula. Iphetha ngokuthi "Cosu, Cosu, Iyaphela" (12)

5.2.2 Abalingiswa
Sithola abalingiswa abayizilwane kanye nabantu. Lapha izilwane ziziphathisa okwabantu, futhi zenzisa okwabantu Isib: Zibhala izincwadi, ikati lihlala etafuleni uma lidla njll. (6)

5.2.3 Isizinda
Lapha umbhali wale nganekwane akashongo ukuthi le nganekwane yenzeka kuphi, kodwa izinto ezenzekayo ziyasibonisa ukuthi yenzeka endaweni yasemadolobheni. Sibona ngoba lapha kukhulunywa ngemibhede, uma kudliwa kuhlalwa etafuleni njll. (6)

5.2.4 Indikimba / isifundo
Isifundisa ngemvelaphi yezinto. Siyathola ukuthi baqala kanjani ubutha phakathi kwenja nekati. Isifundo asibekwanga obala, kodwa siyazivelela khona enganekwaneni. (6)
**[30]**

**NOMA**

## UMBUZO 6

Izindaba ezimfishane nama-eseyi
***Umlabalaba* – O.E. Nxumalo**

6.1 6.1.1 Umhlangano womzabalazo. Bafingqa izibhakela, baphakamisa izingalo zesokudla, basho iziqubulo ezifudumeza igazi. (4)

6.1.2 "Zivumelekile yini izimpimpi ukuba zibe mdibi munye nathi, zishaye sengathi ziyahambisana nenqubo yethu" (2)

6.1.3 Yingoba isigameko okukhulunywa ngaso, yimpimpi eyatholakala nesiqophamazwi esikhwameni. (2)

6.1.4 Cha, uKhumbulani wafaka isiqophamazwi esikhwameni sikaXolani ukuze abonakale njengempimpi Ekugcineni uKhumbulani ubikela uMphemba ngakwenzile. (3)

6.1.5 Bamgaxa uqwembe olubhalwe "Impimpi". Bamkhumula waba nqunu, wazungeza ilokishi, bamgaxa ithaya entanyeni bamshaya, bamshisa. (4)

6.1.6 Ukulungiswa kwezinwele. (1)

6.1.7 Ostediyamu, Osahara, obabehlehla (okubili kuphela) (2)

6.1.8 Zidonsa noma ziheha izinsizwa kwabesifazane, zize zisho izinsizwa ukuthi zabona izinwele uma zize zayeshela intombi leyo. (2)

6.1.9 Zithi uma zikhula bazicwale, zelukwe noma ziphothwe imiyeko ebomvu ethe yehle. (2)

6.1.10 Ukuphema, ukwenza amasingili. (2)

6.1.11 Yingoba yizo ezeza nomkhuba wokuphotha izinwele zenze imiyeko. (3)

6.1.12 Kwakubonisa ukuthi basaphethwe ukungazi. (2)

6.1.13 Ukuba yisithikamezo kwabanye abantu, njengokuthi umuntu athathe yonke imali ayolungisa izinwele, agcine eseswele nokudla. (1)

**[30]**

**NOMA**

6.2 (a) <u>Isigameko esisodwa</u>
Lapha kudingidwa isigameko esisodwa sikaMtshali ehamba nendodana yakhe efuna ukuyozwa ukuthi isicelo sayo samukelekile ekholishi lokufundela ubuthishela. Asikho esinye isigameko okukhulunywa ngaso ngaphandle kwaleso. (10)

(b) <u>Ukuqoqana</u>
Njengoba ikhuluma ngesigameko esisodwa umbhali uwongile amagama. Esingenisweni sethulelwa umlingiswa oqavile nenkinga abhekene nayo (UMtshali kanye noMdenjane). (5)

(c) <u>Isikhathi nendawo</u>
Isigameko senzeka ngosuku olulodwa futhi endaweni eqoqekile. (ekholishi) nasebhasini. (5)

(d) <u>Abalingiswa</u>
Kuvezwe kuphela labo ababalulekile uMtshali, uMdenjana, umphathisikole njll. (5)

(e) <u>Isiphetho</u>
Asilindelekile uMtshali unikezwe incwadi yezincomo okungeyona eka-Mdenjana kodwa eko Melusi owayeziphethe kabi. Leli phutha livela ekugcineni lapho esethi uyahamba uMtshali. (5)

**[30]**

**120**